# UkuKhumbula INkosi

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Ngiyajabula kakhulu ukuba lapha, Mfowethu Neville, ne—ethuba lokuhlala ezindaweni zaseZulwini futhi, kuKristu Jesu. Nezibalo azizange zingikhathaze, kuhlala kuhlala njalo kungixhuxhumisa. Niyazi, ngise—ngisekhaya kakhulu uma nginesibalo esincane, ngoba yilokho engicabanga ukuthi iBandla liyikho. Yebo, nginomBhalo walokho, othi, "Ungesabi, Mhlambi omncane, kuyintando enhle ka—kaYihlo ukunipha uMbuso." Futhi nginga . . . yilowoMhlambi omncane engifuna ukubalwa kanye nawo ngalolosuku, kulowo Athi, "Ungesabi." Futhi siyajabula kakhulu ngenhlanhla yokwehla kulobubusuku.

2 Futhi angifikanga ngenjongo yokukhuluma. Emizuzwaneni embalwa nje eyedlule kukhona ofike emnyango, futhi ngenkathi ngisendlini yokutadishela, ngithola enye ingqikithi yenkulumo ngilungela enye indikimba engifuna ukuyisebenzisa manje khona nje emihlanganweni ezayo yasePhoenix naseTucson, nakhona konke lapho. Futhi nje bengifideka ngempela eMoyeni, niyazi, ngezinto ezinhle zikaNkulunkulu, mayelana nesiGcino, indaba nesi*Gcino*. Nomkami uyafika futhi wangitshela ukuthi bekukhona obefuna ukungibona, futhi a—angikutholanga kahle, kwase kuthi kamuva, ngani, wathi, "Uzoba khona ezansi enkozweni kulobubusuku na?"

3 Futhi ngathi, "Ngicabanga kanjalo." Futhi ngaqhubeka ngizama ukuhlala ngisemoyeni walokho engangikwenza. Futhi uyabuya futhi wathi bekungumuntu ogulayo ezela ukuzokhulekelwa. Ngathi, "Awu, manje-ke, ngizokwehla ngiye enkonzweni, empeleni, niyabo, futhi ngikhulekele abagulayo." Ngihlala njalo, lokho yi . . . Niyazi, lezozinto zi . . . sifanele singene kuzo ngokukhulu ukushesha okunokwenzeka uma abantu begula futhi bedinga. Noma ubani oke wagula uyazi ukuthi kujatshulelwa kanjani ukuthi kusho ukuthini ukuphiliswa ngamandla amakhulu kaNkulunkulu. Nokuthi kuyinto eyisimangaliso kangakanani, ukuthi kuyinhlanhla kanjani.

4 Manje, ngeSonto elizayo elilandelayo, uma iNkosi ithanda, uMfowethu Neville futhi kungekho namunye wabo onanoma yini into eyisipesheli, ngicabange ukuthi ekuseni ngeSonto elizayo ngi—ngiyokwethula umlayezo wami kaKhisimuzi kubantu, ngoba ukubazisa—ukubazisa . . . Abanye babo bavela kude, niyazi, futhi njengaseGeorgia nezindawo ezehlukene, futhi lokho kuzobenza babuyele emuva kusenesikhathi ukuba bazithengele okwabo kukaKhisimuzi nezinto.

5 NoBilly usanda kuphuma nje futhi wangitshela, kusho udadewethu, uDelores, kusihlwa ngeSonto elizayo ngaphambi kwenkonzo nje, unolunye uhlobo oluncane—izipho ezincane zabantwana, uhlelo okuncane lapha abazoya kulo, niyazi, umdlalo omncane kaKhisimuzi bafuna ukuzibeka ngaphambi kokuba kuqale izinkonzo. Futhi ngithe, "Awu, lokho kuzoba ngeSonto kusihlwa kungeke na?"

Wathi, "Yebo."

Ngathi, "Lokho ngeke kuphazamise nakancane, ngalesosikhathi."

6 Manje, niyabo, ngoLwesibili oluzayo kusasele usuku ngaphambi kukaKhisimuzi, khona-ke uma . . . noma ngoLwesibili oluzayo, iviki, nguKhisimuzi. Ngakho lokho kuzocindezela abantu, niyabo, kuzobe-ke sekudingeka babuyele ekhaya kusasele usuku ngaphambi kukaKhisimuzi, nangoMsombuluko, ngakho ngicabange ukuthi ngi . . . yebo, amaviki amabili. Kunjalo, amaviki amabili kulungile. Ngakho ngicabange ukuthi mhlawumbe ngizoza kulobubusuku futhi ngazise abantu, uma iNkosi ithanda, noMfowethu Neville akanakho okuyisipesheli. Ukuthi, ngokuvamisile ngiyathanda ukunikeza umlayezo wami kaKhisimuzi ebandleni, nomlayezo wami wePhasika, nanoma yini iNkosi eyibeka enhliziyweni yami ukuba ngiyinikeze. Futhi ngeSonto elizayo, iNkosi ithanda, ekuseni ngeSonto elizayo nginikeza . . .

7 Futhi isizathu sokuba ngiwuthathe ekuseni esikhundleni sakusihlwa, lapho abantu ovela kude, benentambama yokuhamba ukuze bafike ekhaya, niyabo. Futhi ngiqoka ukuba nawo ebusuku, ngicabanga ukuthi ikusihlwa lincono kakhulu. Ngi—ngiyayithanda inkonzo yakusihlwa, lapho ilanga lishona, okuthize, okunye. KwakunguNkulunkulu eNsimini yase-Edeni, kuAdamu, wayefika ngokuphola kwakusihlwa futhi akhulume kuAdamu. Niyabo, futhi ngiyayithanda inkonzo yakusihlwa. Kodwa, nendlela imininingwane eyiyo lapha, ukuthi kungangcono ngibe nawo ekuseni, futhi ukuze abantu bakwazi ukumuka.

8 Futhi ngiyajabula ukuthi iTabernakele liyanwetshwa lapha lize liyofika endaweni elandelayo phandle kwedlule kithi lapha, sibe nenye indawo enezelwa kulo. Emva kwakho konke ukukhathazeka nokuqophisana, ekugcineni sesinayo noma kanjani. Niyazi, uMfowethu Bosworth omdala wayevamise ukuba nokuncokola, athi, "Ingane ekhala kakhulu kunazo zonke ithola ukunakwa kakhulu impela." Ngakho lokho kuthi akube yikho konke, niyazi, futhi ngakho ngicabanga ukuthi kuyasikhokhela ukukhala kancanyana kanye ngesikhashana, anicabangi kanjalo na?

9 Ngakho, futhi ngifuna ukuphawula ngoMfowethu Anthony nabakhe nabakhe ahambisana nabo lapha ngalowomunyuziki.

Ngivele ngangena nje futhi ngakuzwa lokho. Futhi, niyazi, lezozinsimbi ngamacilongo. Bengifuna oyedwa wabantwana bami, okungenani oyedwa wabo, ukuba adlale icilongo, ngi—ngi . . . nabo befutha izinsimbi.

10 UBecky waqala opiyaneni, kodwa usekulelobanga lobutshitshana into ethize, niyazi, okungukuthi, usefuna ukuyeka manje. Futhi—futhi waqala . . . Uthisha wathi bazofanele baqale umnyuziki odumile. Hhayi, manje, angisho . . . niyazi ukuthi ngisho ukuthini, iziqalo zomdlalo womnyuziki, nokunjalo, zomnyuziki weklasiki, ukuze bathole umnyuziki wezenkolo kuwo. Uma esenyukela emazingeni akhe aphakeme kulokho, khona-ke uyacabanga, "Awu, ngizovele ngiyeke." Futhi ngi—ngi . . . abantwana bayinkinga. Futhi, empeleni, kufanele kube lubizo lukaNkulunkulu, kwasekuqaleni nje. Ngikholwa ukuthi udadewabo, uSara, emuva laphaya uzomehlula, empeleni, futhi akakaze abe nesifundo. Ngakho, ngakho-ke ubizo lukaNkulunkulu lungcono uma luyisiphiwo kanjalo.

11 Kodwa ngiyalithanda icilongo. Ngiyakhumbula ngenkathi bebusisa leliTabernakele phandle lapho ekhoneni, amacilongo ekhala ingxenye yosuku phandle lapha, "Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami afela khona, phansi lapho ngokuxolelwa esonweni ngakhala, lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa," ngenkathi ngiphosa ingqikithi yenkulumo yami etsheni legumbi.

12 Futhi ngiyakhumbula ngobunye ubusuku ebandleni iTrinity Methodisti, ngenkathi uDokotela Morrison omdala . . . Abaningi benu bantu ababesaphila emuva ezinsukwini zami bayamkhumbula uDokotela Morrison, indoda engcwele endala. IAsbury yalahlekelwa ngenye indoda edumile kunawo onke selokhu kwabakhona iAsbury, ngenkathi belahlekelwa nguDokotela Morrison, ebudaleni bakhe, indoda endala emesabayo uNkulunkulu. Futhi ngangikuthanda njalo ukumuzwa eshumayela. Futhi ngaya ngale ukuyomuzwa ebandleni iTrinity Methodisti lapho. Futhi ngalobobusuku, abafana ababili baphuma kuvulande omncane ophezulu lapho nje unkosikazi nami senyuka, futhi babebambe amacilongo abo ebheke phezulu kanjalo, nalawomacilongo lapho, futhi babedlala lelo, "Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami afela khona!" Lesosiphambano esikhulu phezulu esiqongweni, siphenduphenduka. Ngavele ngama emgwaqeni futhi ngalalela, nezandla zami zisemoyeni, nje ngaqala ukudumisa uNkulunkulu khona phandle. Angikwazanga ukuzibamba.

13 Kukhona uhlobo oluthize lwamadlingozi phakathi komKristu ozelwe ngokusha, uma Lishayisa okomthambo, kukhona okuzofanele kwenzeke, yilokho kuphela okukhona kukho. O, ngi . . . Ayikho into enjengolwazi lwesipiliyoni

loMkristu wesikhathi sakudala! Bengingethathe lutho ngalo, ulwazi lwesipiliyoni sami, bengingelushintshanise nemicebo yezwe, umhlaba wonke ngeke ngisho nangaso sonke isimo sokuhamba kwelanga kanye nezinkanyezi nakho konke, ngalokho uJesu angifundise khona ngaYe uqobo.

14 Kukhona umuntu othize ohlezi nathi, ngaso sonke isikhathi uma ngibheka emuva inhliziyo yami iyagxuma. Ngumuntu engimbone ethatha isidlo ngobunye ubusuku, ehamba ngenduku yokuqhugela. Ukhona osewake wakutshela ukuthi ubukeka njengo-Oral Roberts na? Ngiyakuthela, ngaso sonke isikhathi engi . . . Bangaki . . . Nike nambona uOral Roberts, cishe nonke. Uma engabukeki efana no-Oral Roberts! Kwenzekile ngabuka ngemuva. Futhi ngi—ngicabanga ukuthi ungumuntu omkhudlwana kunano-Oral Roberts. Kodwa nje ukubuka indlela akama ngayo izinwele zakhe, nesimongo sakhe nesimo sakhe, futhi njalo ungumuntu obukeka engathi unesithunzi, ehlezi njengo-Oral. Futhi ngakho ngi—ngicabanga njalo, "Mfowethu Oral?" Ubukeka nje eyinto efana naye.

15 UMfowethu Oral uqala uhlobo oluthize lwesikole seBhayibheli phandle lapho manje, ngiyakholwa, noma okuthize. Ngezwa ngakho ngelinye ilanga. Ini? Iyunivesiti. Yebo. UMfowethu Carl Williams ungomunye wabokugcina ngci kuso, wohlobo oluthize, angazi nje ukuthi kuyini manje.

16 Manje, manje khumbulani, ngeSonto, iNkosi ithanda, sizoqala, nginePhasika . . . noma umlayezo kaKhisimuzi. Beseke ngi—ngiyabonga ngeTabernakele eseliqaliwe. Manjeke ngethemba ukuthi lokhu akuzubasiso kuphela isengezo enombolweni, kodwa kuzoba yisengezo emseni uNkulunkulu azowupha ibandla lethu, inhlangano yethu, noma, hhayi inhlangano, kodwa ibandla lethu elisibuthanise ndawonye. Siyalithanda.

17 Futhi—futhi ngizothanda nje ukusho lokhu. Angizukuthatha isikhathi eside kakhulu. Kodwa, nginezinto eziningi engifanele ngizisho, kodwa angizukuzisho, kungathatha isikhathi esiningi kakhulu. Kodwa, ngithanda ukusho lokhu, kuyinto engingeke ngayisho. Kukhona izinto (wonke umuntu uyaqonda) ukuthi niyazi, futhi kuseGameni leNkosi, nokho ungeke ukusho. Niyabo, kufanele ukugcine kuwe. Niyabo? Kodwa isehlo esithize esikhuphukayo, futhi besilokhu sikhona isikhathi eside, esilungiselela ukwenzeka, esingethusile ekuqapheleni uMoya oNgcwele unyakaza phakathi kwabantu kuya kuleyondawana, nabo bengazi nento eyodwa yasemhlabeni, niyabo, kodwa ngibone uMoya oNgcwele unyakaza uya kulokho. Ngizokwembula, iNkosi ithanda, ngesinye isikhathi esivumayo. Manje, khumbulani, lokho kukhombisa uNkulunkulu phakathi kwabo.

18 Njengoba omunye, ngiyakholwa, umfowethu, yebo, ushilo esikhashaneni esedlule, uMfowethu Neville ushilo ukuthi, "UNkulunkulu, engabali okwethu—okwethu ukungahleleki phakathi kwethu, noma ukungaziphathi kahle kwethu emehlweni aKhe." Ukuthi umboni owaya ukuyobheka uIsrayeli, futhi wakwazi ukukubona ngeso lemvelo, ukuthi kwakungahlelekile kanjani, ukuthi babenze kanjani okungalungile futhi babefanele baqalekiswe. Kodwa umbhishobhi owahlulekayo ukukubona kwakuyileloDwala elashaywayo naleyoNyoka yeThusi, niyabo, yenza ukubuyisana. Ngakho, niyabo, lapho—lapho uBalamu ebheka uIsrayeli, wasibona isizathu sokubaqalekisa. Niyabo? Kodwa lapho uNkulunkulu ebabheka, Wabona ukubuyisana. Wathi, "Unjengezimpondo zenyathi." Amen. "Ubani ozobeka noma yini endleleni yakho na? Anokumesaba kangaka uNkulunkulu, alunge kangaka amathende akho!" Yileyondlela uNkulunkulu ababona ngayo. Niyabo? Hhayi indlela abantu abababona ngayo, hhayi ngendlela a—ababenesithunzi abakhulu abababona ngayo; kodwa indlela Yena ababona ngayo.

19 Futhi, O Nkulunkulu, leyo makube yingxenye yami! Leyo makube yingxenye yami, ngokuba anginalutho phakathi kwami engingathi ingeyami. "Anginanto ezandleni zami engiyilethayo, ukuphela nje ngibambelela esiphambanweni saKho." Niyabo, yilokho kuphela esinakho.

20 Awu, lobu ubusuku bomhlangano womkhuleko, noma hhayi ubusuku bomhlangano womkhuleko, kodwa lolu wuhlobo lweqembu lobuvangeli lapha. Si—sithanda ukubeka iZwi. Futhi mhlawumbe ngizothanda ukukhuluma kini kulobubusuku imizuzu embalwa. Abaningi benu abazothanda ukuphenya emBhalweni . . . Awu, niyazi yini into eyisimanga, lokho kuvuleke nje kukho, kuyo indikimba ebengizoyifunda. Yebo, mnumzane. Isimanga. Lokho bekungabaseKorinte 1, isahluko 11, namanye amanothi ebengiwabhale phansi lapha, ndawo ndawo phakathi lapha, ebengicabanga ngawo, uma ngingakuthola njengamanje, kwabaseKorinte 1, i—i—isahluko 11. Kukhona khona lapha, khona lapha. Yebo, mnumzane.

21 Manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini, asisondele kuMqalisi, niyabo, OyiZwi, ukuze sicele isihawu nezibusiso zaKhe sisatadisha Yena OyiZwi. Asikhuleke.

22 O Nkosi Nkulunkulu, ogcwele umusa nesihawu, Obevuma unyaka wonke, emva kokuba umuntu esonile futhi wabeka umgodi omkhulu phakathi kwakhe naWe, lowo angeke aweqe azibuyele yena. Ngokoqobo, wayelahleke nya, engenandlela yokubuyela emuva. Kodwa uNkulunkulu we . . . ogcwele umusa wonke, wavuma ukuthatha isiBambiso endaweni yakhe, wase eyambuyisa. Lokho kuxhuxhumise izinhliziyo zawo wonke owake waziwa nguWe, Nkosi, wakwenza kanjani othandweni

lwaKho olukhulu nomusa ukuba Uthathe isiBambiso! Futhi njengoba sisanda kuqeda ukukuveza, Nkosi, kukulesosiBambiso esincike kuso kulobubusuku, Lowo Owafa esikhundleni sethu thina zoni, Lowo olungileyo Owethweswa ukungalungi kwethu phezu kwaKhe. Sithimbela kuYe.

23 Manje ngesizotha siza eZwini laKhe, ngezinhliziyo ezikhothemeyo namakhanda, ekuzithobeni nasekuhlonipheni nasekubongeni. Futhi sicela ukuthi Uzosithumela kulobubusuku, umusa, ngoMoya oNgcwele, futhi uzosipha i—iSinkwa sokuPhila esisidingayo ukuba sisiqinise. Wazi khona impela esikudingayo, futhi siyazi ukuthi Usethembisile ukuthi uma singacela sizokwemukela.

24 Sizokhumbula kulobubusuku, Nkosi, bonke labo esaziyo ukuthi uyagula futhi bayadinga, ukuthi umusa kaNkulunkulu bazowuphiwa uvame kakhulu. Futhi, Baba, sikhulekela labo abawile, ukuthi leliholide elizayo lizoletha isikhumbuzo enhliziyweni yabo, ukuthi kusukela lapho abake babakhona, futhi bawela emkhathini ongaphandle kwenhlanganyelo yaKho. Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi bazobuya (siphe khona, Nkosi), babuyele ebandleni, e—eMbuthanweni weZibulo, babuyele emuva lapho okukhona khona umusa nesihawu, nothando nobubele, nokuphiliswa kwemiphefumulo yethu, umqondo wethu nomzimba wethu. Siphe khona, Nkosi. Busisa iZwi kulobubusuku. Siqinise sonke, futhi usiphe okwezibusiso zaKho, njengoba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

25 Manje, okwemizuzwana embalwa nje ngizothanda ukuba nginicele ukuba ninake kwabaseKorinte 1, isahluko 11, ivesi 23, 24, nelama 25.

> *Ngokuba mina ngakwamukela eNkosini lokho nenganinika khona, Ukuthi iNkosi uJesu ngalobobusuku akhashelwa ngabo wathabatha isinkwa:*
>
> *Wabonga, wasihlephula, wathi, Thabathani, futhi nidle: lokhu kungumzimba wami, ohleshulelwe nina: lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.*
>
> *Kanjalo wathabatha nesitsha,* futhi *emva kokudla kwakusihlwa, wathi, Lesisitsha siyisivumelwano esisha egazini lami: lokhu kwenzeni, ngezikhathi zonke enisiphuza ngazo, ukuba ningikhumbule.*

26 Ukuba bengingakubiza lokhu nje ngendikimba encane engithanda ukukhomba kuyo, bekuzoba yilokhu: *Ukukhumbula INkosi*. Kuzwakala njengobusuku obu. . .noma umlayezo obufanele ushunyayelwe ngeSonto eledlule, esidlweni sakusihlwa seNkosi. Kodwa ngifuna ukusondela kuwo nje ngolunye uhlangothi oluncane olwehlukile imizuzu embalwa, sisaqoqa imicabango yethu—yethu ndawonye, nasekukhonzeni iNkosi.

27 Besingakwenza, kusobala, siqale ngetafula leNkosi, ngoba leyo yindawo enhle lapho esikhumbula khona sonke. Sikhumbule iNkosi etafuleni Layo, okungukuthi, ngempela, indikimba ikhomba kulokho. Kodwa, lokho, uPawulu wathi sifanele sithathe isitsha nokuphuza i—igazi, nokudla isinkwa esihlanzekile, ekukhumbuleni, ukukhumbula Asenzela khona. Futhi lapho nikwenza, anifuni ukukwenza kube ngokwejwayelekile nje, yonke into; nifuna ukuza ngempela, nikhumbula iNkosi. Niyabo? Nikhumbula ukuthi kwakungumusa waYo nesihawu saYo, futhi lokho kodwa, okininika ithemba kuphela eninalo. Akunandaba ukuthi niyoke nenzeni, akukho lutho ndawo nangaziphi izindlela okungasondela eduze kwalokho enakwenzelwa nguKristu.

28 Ngike ngaba nesehlo esidabukisayo kuleliviki, kepha nokho esiyinkazimulo, ngingasibiza kanjalo, ngingcwabe umfowethu owake wahlala nathi lapha. Futhi abaningi benu bayasazi isenzeko. BekunguMfowethu Rogers onomusa, uBusty Rogers, njengoba besimbiza kanjalo, Everett. NoMfowethu Banks Wood lapha, noMfowethu Sothmann, sihambe kanyekanye siya enkonzweni yomngcwabo.

29 Futhi—futhi ngigibele eqhweni, phandle endaweni endala lapho engamngcwaba khona kuqala, cishe eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu eyedlula. Ngalesosikhathi ngamngcwaba, kwakusemanzini anodaka, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Lapho sedlula ebhulohweni elidala elejwayelekile lapho eTotten's Ford, bengikhuluma nabazalwane bami, futhi ngathi, "Ngolunye usuku ngenkathi umfundisi othile wehlelo wayene—nethende elikhulu lapho, wathi, 'Lesosidlamlilo esincane ezansi lapho ebandleni lamaBaptisti, esibhaphathiza abantu eGameni likaJesu Kristu.' Wathi, 'Uma noma yimuphi umuntu ngisho owake wabhaphathizwa ngaleyondlela, ngeke ngisho amukeleke phansi kwethende lami.'"

30 Futhi ngalesosikhathi lapho kwenzeka kwaba khona abahlezi lapho ababekade bebhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu, futhi lowo kwakunguMfowethu George Wright nomndeni wakhe. Nje ba. . . Into kuphela ababengayenza kwaba wukuba bangabe besabuyela emuva.

31 Ngakho ngalolosuku ezibukweni, o, wavele nje washiya umhlangano wakhe futhi wehla ukuba nje azobona, nebandla lakhe lalimi lapho. Futhi ngenyukela endaweni. Futhi kwakukade kunemvula phezulu emagqumeni phezulu lapho, namasimu anodaka ayegugulekile, imingenela yawo emincane yayenze uMfula iBlue wabanodaka kabi. Ngaphuma ngangena emanzini, efika okhalweni. Futhi omunye wabaphatheli, noma abadikoni, njalo, wanginika iBhayibheli, futhi ngafunda lapho uPetru athi khona ngoSuku lwePentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho

ukuthethelelwa kwesono, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.”

32 Kwakungalolosuku lapho uGeorgie Carter ayelele ngalo lapho, ezama ukuphakamisa izandla zakhe, esinda kuphela cishe amaphawondi angamashumi ayisithupha-nento, wayekade asalala embhedeni iminyaka eyisishiyagalolunye nezinyanga eziyisishiyaga-lombili, enganyakazi. Nabantu bakubo, ibandla ayekhonza kulo, lalithe, uma noma ubani ngisho eke weza emhlanganweni wami, bayoxoshwa enhlanganyelweni yabo ebandleni. Futhi ngakho kwakuyilokho kuhlwa okufanayo aphiliswa ngakho khona lapho. Wase-ke efuna ukubhaphathizwa njengentombazane encane yaseNale eyayiphezulu lapho; engangibone umbono, futhi niyayazi indaba, izandla zayo nemilenze kudonsekile; futhi ngangena embonweni namandla kaMoya, abeka izandla phezu kwakhe, futhi nango ephuma futhi waphiliswa. Futhi ngakho wayekade ekhonza kulo lelo. Awu, kwakuyibandla lamaMethodisti. Umfundisi wamaMethodisti, uMfowethu Smith, kwakunguye owayemi ogwini nebandla lakhe.

33 Ngase ngiqala ukubhaphathiza eBhayibhelini, umbhaphathizo wamaKristu. Futhi kwathi ngesikhathi sengibhaphathize abantu abahlanu noma abayisithupha, kwathi khona manjalo imigqa nehele ladilika, lapho egqumeni. Nakhu kuza lesosigejane samaMethodisti siya khona phansi sigqoke nezingubo zaso ezinhle, ukuba sibhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu. Futhi ngamunye ngamunye, amanenekazi egqoke usilika wawo omuhle nezingubo zasehlobo, ephuma edabula kulolodaka, esula ubuso nezinyembezi, nopende emlonyeni ugezeka, ephuma ezo—ezokwenza—enza ukuvuma no—nokubhaphathizwa.

34 Futhi ohambisana nalesosigejane, eqatha, emahlombe-abanzi, uhlobo lokugund’izinwele lweGI, ubuso obubanzi, indoda ebukeka iyisigadlaba yaphumela lapho igqoke enhle, isudu yayo yendwangu eluhlaza-s’bhakabhaka. Yathi, “Nami, futhi, sengenze isinqumo sami.” Lowo kwakunguBusty Rogers, engatshelwanga-muntu lutho. Lapho ngamngcwaba eGameni leNkosi uJesu Kristu, phezu kokuvuma kwakhe.

35 Futhi ngeviki eledlule ngimbeka phansi kwesoyi laseMilltown. Futhi ngakhuluma entshumayelweni ngokuthi: *UkuPhelela KokuVuka*. Ngangikade ngiyisithunywa senkolo, futhi ngibona onkulunkulu abehlukene nezazi zokwazi izimfihlo zokudabuka kwezinto zonke ezikhona; futhi kunjalo noma yini okwakho, ngaphandle kobuKristu, kungukwazi kwezimfihlo zokudabuka kwezinto zonke ezikhona kuphela, ukuthi bakukholwa kanjani *lokhu, lokho,* okunye. Kodwa uMdali omkhulu Owenza okudaliweyo! Kuzofanele kubekhona uMdali uma kukhona okudaliweyo. Futhi uma kukhona

okudaliweyo, kwenziwa nguMdali. Futhi noma yimuphi umsebenzi womuntu ubonisa yena uqobo. Ungumbazi omuhle, wenza umsebenzi omuhle, uyakha. Futhi uma engumakhenika omuhle, wenza umsebenzi omuhle. Umsebenzi wakho kuphela ubonisa wena. Nokudaliweyo kukaNkulunkulu kubonisa uNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu wenza yonke into ngenhloso. Futhi yonke into esebenzela inhloso kuNkulunkulu, uma ifa, inokuvuka. Ngitshele into eyodwa. Futhi ngethula izinto eziningi, njengezimbali nezihlahla.

36 Nokuthi ilanga liphuma kanjani ekuseni, ingane encane ezalwayo, libuthakathaka, imisebe yalo. Cishe ngeleshumi ngqo, liyibhungu. Futhi ngeleshumi nambili nqo likhanya ngamandla alo, ngobuhle bowesifazane- noma bowesilisa. Futhi cishe ngelesibili nqo ntambama, selifana cishe nami. Bese-kuthi-ke cishe ngelesihlanu ntambama, selifana nomkhulu, lilele phansi. Futhi ekugcineni imisebe yalo iyaphola emhlabeni, bese liyafa. Ngabe lokho ngukuphela kwalo na? Lisebenzele inhloso kaNkulunkulu. Livuse impilo yezithombo lapho liphuma linqamula umhlaba. Zonke izitshalo engabe zifile ngaphambi konyaka, lisivusile. Ngabe lokho ngukuphela kwalo uma lisebenzela inhloso kaNkulunkulu na? Liyaphuma futhi ngakusasa, nokuphila okusha! Sonke isihlahla senza okufanayo, yonke enye into, yonke into, inyanga, izinkanyezi, isimo sokuhamba kwelanga kanye nezinkanyezi, yonke into iyethembisa.

37 Futhi uma umuntu esebenzela inhloso kaNkulunkulu, kukhona ukuvuka ngempela nje njenganoma yini. Into kuphela enidinga ukuba niyenze, ngukuthi, uNkulunkulu nje ulindele ngesikhathi, njengoba nje Enjalo manje.

38 Amacembe amakhulu asanda kuwa nje esihlahleni, awa, njalo. Lapho khona obomvu, oluhlaza-tshani, oluhlaza-s'bhakabhaka, onsundu, yonke imibala ehlukene esifubeni esikhulu somhlaba, lapho imvelo kaNkulunkulu ibilele ifile phansi kwawo, uNkulunkulu wavele nje watshala umqulu waKhe wezimbali. Kodwa Uyazi uma Etshala umqulu wezimbali, kukhona ukuvuka entwasahlobo! Khona-ke izwe lizofanele nje lifike lizungeleze emkhondweni walo lize libuye libe kanye nelanga ngqo futhi, futhi lizovuka emngcwabeni wezimbali.

39 Ungasho neze ukuthi, "Lokhu ngukuphela," kanjalo namacembe, ensundu esihlahleni, lithi ngukuphela. Into kuphela esifanele siyenze, yisikhathi sendingilizi kaNkulunkulu ukuba ihambe intante, kuze kube yisikhathi sokufika kweNdodana kaNkulunkulu. Futhi zonke izidalwa eziphilayo ezake zafela kuKristu ziyovuka futhi. EBukhoneni baKhe, zikhumbula Yena. O, uma sengifika ekupheleni kwendlela yami, ngifuna ukufa

eBukhonenibakhe, ngikhumbula Yena, ukuthi ungukuvuka nokuPhila. UyiLowo.

40 Manjena-ke lapho siza etafuleni leNkosi. Itafula leNkosi, njengoba ngikuchazile lapha ngaphambili, alisiyo . . . Sikholwa ukuthi lokho esikubiza nge "sidlo" ngu—ngukuthathwa kwesinkwa. Sibeka okungafanele—o—okungafanele . . . Sibeka into efanele entweni engafanele. Akusiso isinkwa esisemqoka, akusilo iwayini elisemqoka, leso yisinkwa esihlanzekileyo newayini. Kodwa into eyiyona yona ngukuthi, ukuthi, *communion* kusho "ukuxoxa no," futhi, ekukhulumeni naYe, siMkhumbula. Ngicabanga ukuthi kuyisikhathi esibusiseke ukuzedlula zonke senkonzo. Niyabo? Onke amahora empilo yethu afanele abe yisidlo.

41 Isidlo neNkosi sifana nendawo enamanzi ogwadule. Sifana nesiphethu phansi ngaphansi kwechibi, lapho khona u—umhambi efika khona, ame bese ephuza amanzi aze acime ukoma kwakhe. Lokho ngukukhumbula iNkosi. Ufike ngokuhlelo lwetafula laKhe, lapho khona isihambi esedlulayo esi—esigogobeleyo lapha emhlabeni kanye nathi, sikanyekanye, ukuthi singeza ngasetafuleni laKhe, futhi lapho siphuze okwezibusiso zaKhe nokomusa waKhe nokweZwi laKhe, enhlanganyelweni sizungeze iZwi laKhe, kuze kuthi imiphefumulo yethu eyomile yeneliseke. Bese-ke sisuka endaweni yokukhonzela, sihlumelelisekile, senelisekile; siphume siyodibana nezinkinga zasogwadule futhi, izinkinga zogwadule lwempilo. Yebo, indawo enamanzi ogwadule, sizihlumelelisa, sizenza thina uma somile.

42 Kufanele kube njalo kuwo wonke umkhonzi. Ku satis- . . . Kukhona kuwo wonke umkhonzi weqiniso, ukuthi bayakulangazelela ukuba babendawonye. Kukhona okuthize mayelana nenhlanganyelo e—engeyobuNkulunkulu, iyalwe nguNkulunkulu, futhi ingcwele, icwebile. Nabangcwele bakomele.

43 Njengoba uDavide asho, ukuthi u "mphefumulo wakhe womele uNkulunkulu, njengoba indluzele yenza emanzini omfudlana." Inyamazane encane enezimpondo ezingamagatsha elimele edluthulwe iziqephu yizinja ezinkulu ohlangothini lwayo, futhi i—idluthulile kuyo. Futhi imile, ilangazelela ibhekisisa. Lapho, ihogela ngomuzwa wayo uNkulunkulu ayinika wona, iyakwazi ukuhogela amanzi amamayela. Futhi iphakamisa ikhanjana layo emoyeni lapho yopha ukuphila kwayo. Futhi iyazi, uma ingake ifike kulesosiphethu, ukuthi ingaphila. Akekho-ke ozoyibamba ngaleyonkathi. Ingake ize ifike emanzini, iyodlala ngazo zonke izinja ongazibeka emva kwayo, ngoba iyazi ngokuba iyazi i—isithole umthombo onikeza ukuphila.

44 Futhi uma ibandla lifika kuleyondawo, lapho lowoKristu esho okukhulu kakhulu kithi ukuthi siyakomela ukungena eBukhoneni baKhe futhi sinomunye nomunye, kunguMthombo onika ukuPhila. Akukho-Develi ongake aze akunqumele ngaphambili. Ngisho nokufa uqobo lwakho kuyehlulwa lapho. O, ithemba elinje pho! Indawo enje pho! Sizihlumelelisa. Futhi, ngokwenzenjalo, sikhumbula ukuthi uKristu kwaba nguYe Owenza kwenzeka ngenxa yethu. Kwaba nguYe Owesenzela lezizinto, sifanele siMkhumbule. Ngokuba, khumbulani, kwathi sisengabafokazi futhi singenaNkulunkulu, abeZizwe, sithathwe yizithixo eziyizimungulu. Kodwa, khumbulani, uKristu akafelanga iJuda, kodwa sonke isidalwa sesizwe sika-Adamu esiwileyo, uKristu wafa.

45 Njengoba siza ukuzoMkhumbula esiphethwini saKhe se—sesidlo, ku—kufanele kusikhumbuze emuva ngesikhathi njengoba uIsrayeli ayenjalo ekuhambeni kwabo. Futhi bayafika, nokho bekuwo impela umugqa womsebenzi, besendleleni yabo besuka eGibhithe beya ekukhululweni kwabo, beya ezweni lesithembiso, futhi, kuso impela isenzo somsebenzi, bahamba ngaphandle kwamanzi. Futhi kwakomile nxa zonke, indawo, konke. . .phansi kwawo onke amagquma ukuthi lapho okwakufanele kubekhona iziphethu, zazingekho. Futhi babebhubha ogwadule. Kwase kuthi-ke nakho kuqhamuka iDwala, ukuthi uMose walishaya leliDwala futhi kulo kwaphuma amanzi amaningi kakhulu. Wonke umuntu owomile, wonke owesifazane owomile, umntwana, noma ngisho sonke isilwane esomile, sasikwazi ukuphuza amanzi amaningi kakhulu.

46 NjengoJohane 3:16, indikimba eyigolide yeBhayibheli, wathi, "NjengoNkulunkulu walithanda izwe kangaka. Wanikela ngeNdodana yaKhe eyodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa (okholwa, axoxe, aYikhumbule) akayikubhubha, kodwa uyoba nokuPhila okuPhakade." Ukukhumbula ukuthi uKristu wethu wayeyiDwala elashaywayo, ukusindisa izwe elibhubhayo, abeZwizwe ababhubhayo, umJuda obhubhayo, izwe elibhubhayo. UKristu wanikela ngokuPhila kwaKhe ngokuningi kakhulu, ukuthi wonke umuntu owayelambile nowomile, kwasho umprofethi, "Bhekani, wozani emthonjeni, nithenge kiMi ubisi noju ngaphandle kwentengo." Wozani, ngoba yisidlo, wozani nikhumbule iNkosi.

47 Ngingacabanga ngokukhunjulwa kweNkosi futhi endaweni yokuhlumelelisa, emthonjeni othiwa yi*Beerlahairoi*, okusho ukuthi ngolimi lwesiHeberu, "Umthombo waLowo ophilayo nongibonayo." UHagar, akaqondanga, nokho wayesemsebenzini ayewumiselwe ngqo. Akaqondanga, wahlulela ngokungesikho, futhi waxoshwa, engenandawo angaya kuyo, enomntwana obhubhayo, namanzi aphela ebhodleleni. Nomfo omncane wayekhala. Futhi yinhliziyo kamama kuphela eyayazi ukuthi

kwakusho ukuthini lokho kukhalela amanzi, lapho ulimi oluncane luvuvukala, nezindebe zakhe zome nkwe, nengane yakhe ilokhu iphela amandla njalo nje. Waxoshwa, ekhona impela emsebenzini ayewumiselwe, engenandawo angaya kuyo. Wahlala engenawo, yena uqobo waze wacononozela ithonsi lokugcina ezindebeni esezome nkwe. Nebhodlela lase lomenkwe, wase elibeka phansi waqala ukuhamba. Nomfo omncane empongolozela amanzi, futhi wayelokhu ephela amandla ephela amandla; futhi kungumntwana wakhe oyedwa zwi.

48 Akungabazeki ukuthi inhliziyo yakhe emsulwa yayikhala, "O Nkulunkulu, ngenzeni na? Ngenzeni na?" Futhi wayengeke akwazi ukukumela ukubuka ingane ifela ezingalweni zakhe, ngakho wayilalisa phansi kwesihlahla. Wayesehamba cishe ibanga lokuphonsa umnsalo, mhlawumbe amayadi ayikhulu noma ngaphezulu, wayesebona umuthi omncane, wayeseguqa phansi futhi lapho uqala ukukhala izinyembezi. Awu, emangala, "Yini?" Uma enze lokho obekufanele, yini lento ifike phezu kwakhe na? Izikhathi eziningi sicabanga lokho ngokugula kwethu nezinhlupheko, niyabo, kodwa mhlawumbe konke kwenziwa ukuba kukhombise umusa nesihawu. Futhi esacabanga, wezwa ukukhala okuncane kokuquleka lapho kuya ngokushabalala ekugcineni, ngenxa yamanzi.

49 Wezwa iPhimbo likhuluma futhi lathi, "Yini ukhale izinyembezi na? Ukhalelani izinyembezi na?"

50 Futhi wabheka phezulu, futhi wabona umthombo uphethuza. Isiphethu esinje pho sokuhlumelelisa! Beerlahairi, ngingahle ngikubize lokho ngokungesikho. B, o e ababili, r-l-a-h-a-i-r-o-i, okusho ukuthi, "Umthombo waLowo ophilayo nongibonayo! Lowo ongeke afa! UMelkizedeki! UEL Shaddai! Lowo ophilayo nongibonayo, owazi izidingo zami, Ungikhumbulile. Futhi lapho Wangikhumbula lapho nami ngiMkhumbula, futhi ngiyazi ukuthi Uyaphila futhi Uphethuzise lapha ogwadule, lomthombo."

51 O, singakusebenzisa lokho emlayezweni wehora khona manje, walolusuku manje, lapho ugwadule lwamabandla, olwamahlelo, na—naba—ba—bashumayeli beVangeli lokuhlalisana nezi—zimfashini zezwe kungene ngesinyenyela, futhi kwahlela futhi kwachitheka.

52 Bese-ke ukucabanga ukuthi nakho kumi futhi kulobubusuku, emthonjeni waKhe ophilayo nongibonayo. Yilokho ukukhumbula uKristu okufanele kukusho kumkhonzi. Yebo. O, akaqondwanga futhi waxoshwa. UJesu wathi, ngenkathi Elapha emhlabeni, "NgingaManzi aphilayo, NgingaManzi okuPhila."

53 Futhi ngifuna ukudonsa omunye umcabango omncane lapha ofika emqondweni wami. Ngenkathi uJesu equliswa icala, futhi kungenganxa yalutho kuphela ngenxa yokubhuqa,

nge...Wathunyelwa esuka kuPilatu waya kuHerodi. Manje, uPilatu wayengadingekile ukuba enze lokho, futhi, niyazi, lapho ezama ukuhlamba izandla zakhe kukho. Kodwa uma eke waba sesandleni sakho, ufanele wenze isinqumo sakho. Ngeke ukuphushele komunye umuntu. Nguwe, njengomuntu ngamunye. Kodwa Yena, Wathunyelwa kuHerodi, ukuba nje kwe—kwenziwe isibhuqo, ngoba Wayenegama phela lokuba ngumenzi wezimangaliso nokunjalo, futhi Wayeyisilahlwa ebandleni. Ngakho uPilatu uqobo lwakhe, wacabanga ukuthi uzovele nje aMthumele ngale kuHerodi, futhi mhlawumbe kwakuzoke kuthi ukuqondisa igqubu elidala ababenalo, bemelene bodwa.

54 Futhi ngakho uJesu wathathwa waweliswa imigwaqo futhi wehlela ezindaweni waze Wadibana nenkantolo enkulu, uHerodi. Futhi lapho Edibana noHerodi, noHerodi wavezelwa ithuba lakhe okuyilona kuphela nje! Umuntu angaze abe yisiwula kangaka pho? Ukuba uHerodi kuphela wayazi ukuthi omi phambi kwakhe kwakungukugcwaliseka kwabo bonke abaprofethi bamaHeberu beside...nebandla lezwe, elama phambi kwakhe, ukugcwaliseka kwaso sonke isazi nomprofethi owake wakhuluma. Ithuba elalizokwenelisa inhliziyo yakhe eyisoni ngomusa nesihawu. Wayengumuntu oyisiwula kangaka pho!

55 Kepha nokho akasiso isiwula kakhulu njengendoda yanamhlanje evezelwa into efanayo ngoba sibe neminye iminyaka eyizinkulungwane ezimbili zokufundisa kwaKhe, zesihawu saKhe. Kodwa ku—kuyinto ewubuwula kangakanani eyenziwa nguHerodi lapho ema phambi kwaKhe futhi akangaMcela neze ukuba abe nomusa nesihawu, akangakucela neze ukuxolelwa kwesono. Akazanga neze ukuthi omi... Angicabangi ukuthi indoda yaqonda ukuthi omi phambi kwayo kwakunguMuntu onje. Ake sikuyeke lokho kucwile umzuzu. Ngoba iNdoda yayingenalo i—igama elinjalo kwezenhlaliswano lenhlaliswano enkulu emileyo, lezinhlangano ezehlukene na—namaklilabhu, nokunjalo, Ayezihlanganise nawo. Wayengenalo igama elinjalo.

56 Kodwa Wayenalo, phakathi kwabantu ababelazi iBhayibheli futhi besazi isithembiso. Futhi ake ngihambe ngithi ukuqinisa kakhudlwana, labo ababemiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade, bakuqonda ngesikhathi nje Ema lapho.

57 Kodwa uHerodi wayengakufundanga lokhu, akazange akwazi. Into edabukisa kanje pho. Konke lokho abaprofethi ababekhulume ngakho iminyaka eyizinkulungwane ezine, ukugcwaliseka kokukhala kwezwe kumi phambi kwakhe. Lapho ebukhoneni bakhe kumi konke ukugcwaliseka. Futhi njengoba ngingahle ngisho lokhu futhi, sicabanga ukuthi wayeyindoda eyisiwula ngoba wenza isinqumo esiwubuwula,

ngokuba, niyaqaphela akazange neze amcele isihawu. WaMcela ukuba—ukuba ambungaze. "O, ngizwile ukuthi Ungumenzi wezimangaliso." Wacela umbungazo esikhundleni sesihawu.

58 Yilokho izwe, namhlanje, libuye liveza sona impela isinqumo sikaHerodi, uma bebona uKristu owenza izimangaliso enza into efanayo namhlanje naleyo Ayenzayo ngalesosikhathi, futhi izinto kuphela abazifunayo, "Ake ngikubone wenza *ukuthi-nokuthi*." Nithi uHerodi uyoba nendawo embi yokuma na? Indoda yalolusuku iyoba nendawo embi ukwedlula zonke yokuma! UHerodi waba nolwazi lwesipiliyoni lweminyaka eyizinkulungwane ezine, abaprofethi nezazi. Sinezinkulungwane eziyisithupha, sinokufundiswa okukhulu kulokho bona ababenakho ngalesosikhathi. Impela. Into enje okwayenzayo! Kunjalo nanamhlanje, into efanayo!

59 Kwakuyini indaba na? UHerodi akazange akuthathe ngomcabango ojulile. Akazange ame ukuba anakisise.

60 Futhi kungaleyondlela ngabantu banamhlanje. Bayayibona lento enkulu ethize, ibenze bethuka, kodwa abami isikhathi eside ngokwenele. Bazama ukulalela orabi abathize noma omunye usiyazi wezenkolo oLichaza aqhele kakhulu. Kepha nokho, kanjani uma ngicabanga ngeJeffersonville, kukangaki ngithanda kangakanani ukunifukamela njengesikhukhukazi senza emazinyaneni aso, kepha anivumi. Kukangaki nginibuthela na? Kukangaki ngenza lokhu i—indawo yasengadini lapho zonke izizwe bezifanele zithutheleke ziyongena khona, kepha anivumi. Niyabo? Niyabo?

61 Manje, niyabona ukuthi yini uHerodi ayezoyikhumbula ngalolosuku na? Ithuba lakhe elihle, walidicelela phansi. Futhi ngaleya ndawondawo ezindaweni zabalahliweyo, kulobu ubusuku, uyakukhumbula akwenzayo ngalo. Isikhathi asisekho manje.

62 Masingakuvumeli lokho kube kithi. Lesi yisikhathi sokuvakashelwa kwethu. Masikhumbule uKristu, ukuthi Unguye izolo, namhlanje, naphakade, amaHeberu 13:8. Ningalindi kuze kube yizindawo zangaleya, kwabalahliwe, kulelozinga lapho eningeke nangena eBukhoneni bukaNkulunkulu, nesikhathi senu sisemhlabeni, ephusheni elesabekayo ekwesabeni okukhulu niyokhumbula ukuthi nake naba nethuba futhi nalenqaba. Abantu abasha mabakuqaphele lokhu. Bonke mabakuqaphele.

63 UHerodi akazange akuthathe ngomcabango ojulile. Isenzeko sakhe kuphela, wacela kuphela ukuba abungazwe, nokuthi uJesu enze uhlobo oluthize lwecebo lokuphamba, akhiphe unogwaja esigqokweni, noma, niyazi, noma into ethize. Wacabanga ukuthi Angahle akwenze, ngenye indlela, waKuthatha njengomlumbi. "Sizwile ukuthi Uyakwazi

ukwenza imigilingwane. Ake ngiKubone wenza umgilingwane waKho manje."

64 Futhi mangisho lokhu ngenhlonipho. Kodwa kukangaki lapho labo ababizwa ngabefundisi balolusuku, bethe khona, "Uma ekhona uMoya oNgcwele, uma ukholwa ukuthi uMoya oNgcwele ufana nje njengoba kwakunjalo ekuqaleni, ake ngikubone uthatha *uS'bani-bani* omdala ngapha, noma *lokhu*, o, *lona* wesilisa ngapha, *lona* wesifazane ngapha. Ngizohamba ngibalande. Ake ngikubone ukwenza."

65 Ngabe bayaqonda yini ukuthi lowo ngumoya ofanayo (qhabo, abaqondi) owathi kuJesu, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, thatha, yenza lamatshe abe yizinkwa. Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, sitshele ukuthi ubani oKushaye ekhanda. Uma UngumProfethi, sitshele ukuthi ubani Okushayile," beMboze ngendwangu ebusweni. BaMshaya ekhanda, base bedlulisa induku komunye, bathi, "Sitshele, uma UngumProfethi. Sitshele ukuthi ubani oKushayile, sizoKukholwa-ke. Sitshele, uma UyiNdodana kaNkulunkulu. Siqotho ezinhliziywweni zethu. Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yehla esiphambanweni futhi sizokholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu."

66 Angazi noma abantu abaningi namhlanje, bobabili owesilisa, abesifazane, abasha nabadala, abamile yini endaweni efanayo. Futhi nizokhumbula, ngelinye ilanga, ukuthi naniseBukhoneni baKhe, eMthonjeni waKhe; futhi nanifuna ukubona umgilingwane, noma nanifuna ukubona icebo lokuphamba noma enye into ethize, "Obekuzongenza ngiLikholwe. Mangizwe ukuqhaqhazela emhlane wami, mangenze *lokhu* noma *lokho*, ngizoLikholwa." Niyabo, amadlingozi athile, ngukukhonza izithombe okusobala! Mangi . . .

67 Niyazi, uJesu washo kwesinye isehlo, Wabuza umbuzo. Ngithanda ukubuza ibandla kulobubusuku lokhu. UJesu wathi, "Ngani? Ngani? NiNgibizelani nge 'Nkosi' yenu, kepha ningazenzi izinto eNginiyala ukuba nizenze na? Kungani niNgibize nge 'Nkosi,' kepha ningagcini iZwi laMi na? Yini niNgibize nge 'Nkosi," kepha niphike izinto eNginiyale ukuba nizishumayele futhi nizifundise na?" Kuyini na? Kwenziwa yini na? Kungenxa yokuthi isiko elithize lamahlelo limi phakathi kwabo neZwi. Futhi noma yini ema phakathi kwakho noNkulunkulu, iyisithixo, ithatha indawo kaNkulunkulu. Ningibizelani nithi "Nkosi"? Ukuthi *Nkosi* kuchaza "ubunikazi," iNkosi ingumnikazi wempahla. Futhi uma uNkulunkulu engumnikazi wami, uma ngingowaKhe, wase Eyangijikisa ngolunye usuku ngisemgwaqeni okungesiwo, futhi wangibizela inhloso, yini engizoyenza ngaphandle kokuthi ngigcwalise isifiso saKhe, njengoba Enza ngoPetru.

Ngingayenza kanjani enye into kunokuba ngigcine iZwi laKhe na? "NiNgibizelani nithi 'Nkosi'?"

68 Ngifuna ukubiza omunye umfo lapha, sibone ngaye. Nithini ngoJuda, uzoMkhumbula ngani na? Sikhuluma ngokukhumbula iNkosi. UJuda kulobubusuku futhi, o, aze angabe esababikho, uzokhumbula ukuthi wathengisa ngobuzibulo bakhe. Wathengisa ngoJesu ukuba azizuzele yena. Sihlekisa ngaye uJuda—uJuda. Sithi wayengumfo ongcolile, omubi, akafanele ndawo noma emphakathini, akalifanele iZulu. Ngani? Wathengisa ngeNkosi yakhe, emva kokuba esebe nalo ithuba lokuba ngisho nokuba abe ngu—ngumfundi, ukuba abe ngumphostoli, ubizo olukhulu ukwedlula konke eBhayibhelini, olwedlula umprofethi. Wayenethuba lokuba ngu—ngumphostoli, futhi wathengisa ngalelolungelo ukuba azizuzele yena. Futhi manje uzokukhumbula lokho. Umkhumbula kanjalo-ke uJesu: ukuzizuzela yena.

69 Futhi angazi ukuthi bangaki ababo kulobubusuku nokho abami epulpiti, nokho begqoke ingubo yekhwaya, bahlale esihlalweni somdikoni, noma bathathe indawo kamphathi-sikhwama, umphatheli, kumbe noma kungaba yini, isikhundla sakhe ebandleni, noma umfundisi epulpiti, ebe esalokhu ethengisa ngethuba lakhe ngenxa yodumo oluqondene naye, "Udokotela, uMbhishobhi *uS'bani-bani*," ngenxa yodumo oluqondene naye, ukuzizuzela yena.

70 Indoda yake yathi kimi kanye, "Ngiyakholwa ukuthi lelo yiQiniso. Kodwa uma ngishumayela lokho, ngizobe nginxiba lapho emgwaqeni."

71 Niyasikhumbula isicebi noLazaru, ukuthi isigaba sabo sokugcina nePhakade labo kwama kuphi na? Nakuba omunye wayene...wayeyisinxibi, nomunye wayeyisicebi, kodwa isithombe saguquka ngolunye usuku futhi bobabili bakwazi ukukhumbula. Ngakho, abantu kulobubusuku bampongoloza ngoJuda owaMthengisa ngenxa yokuzizuzela yena, futhi abaningi kakhulu benza into efanayo namhlanje, baMthengisa ngenxa yokuzizuzela bona.

72 Umpristi wangalolosuku naye futhi uyokhumbula ukuthi bathengisa ngeshansi yabo ngaYe, ishansi yabo ukuba abe yinceku yaKhe, ukuba abe ngumfundi waKhe, ukuba abe ngophendulwe nguYe. Babuthengisa ngenxa yomona onophoyizeni oluhlaza. Babenomona ngeMfundiso yaKhe. Ngani, ngenkathi Eseneminyaka eyishumi nambili nje ubudala, Wayebathikameza noma ngayiphi indlela; futhi bengakuqondi, lowo kwakuyilowoMesiya. Bebengazenzi izinto Ayezenza. Futhi babesaba ukuthi babezolahlekelwa yisithunzi sabo phambi kwabantu abaphakeme baphakama, futhi bathengisa ngethuba labo. Futhi banecala nje njengoba wayenjalo uHerodi.

73 Nelunga lebandla lanamhlanje liyafana. Uma babethembele ehlelweni labo nokunjalo, ngalezozinsuku, futhi babesaba i—isithunzi sabo, ukuthi babezokhishwa esinagogeni, kwakuyinike? Kwakungukukhonza izithixo! Bekhonza isivumokholo sezithixo noma inkolo yebandla yezithixo, esikhundleni sokwemukela iZwi eliphilayo elabonakaliswa phambi kwabo.

74 Futhi balibona iZwi likaNkulunkulu. IBhayibheli lathi, "SiMbonile saMphatha." Izidalwa ezingabantu zabeka izandla phezu kwelangempela, eliphilayo, iZwi elibonakalisiweyo likaNkulunkulu ophilayo; futhi bavumela amasiko nezivumokholo kume phakathi kwabo, bewasha amabhodwe namapani, into embi kanje ime phakathi kwabo noNkulunkulu ophilayo. Yebo.

75 Kwakuyini na? Babebandlulula. Babebandlulula umBhalo weVangeli laKhe elihlanzekile, elingunqamlajuqu Ayelifundisa, iZwi likaBaba. Babenomona ngaYe. BabeMbandlulula. Futhi inqobo nje uma benayo inkumbulo, okungukuthi, besekhona esihogweni bayokhumbula, yileyondlela abayokhunjulwa ngayo. Yileyondlela abayofanele baMkhumbule ngaYo.

Wena uthi, "O, lokho kwakungabaFarisi."

76 Kukhona inenekazi elincane elalivamise ukuza kulelibandla. O, ngiyethemba mhlawumbe abaningi benu bayalazi, lihlala ezansi emgwaqeni lapha okuyizindlela. Lase liwile. Futhi njalo uma ngilibona, ligijima lize kimi, libeke izandla zalo kwezami, "Mfowethu Bill, ngikhulekele. Ngihlubukile." Umkhwenyana walo uyi. . . Qhabo, ngicabanga ukuthi bahlala khona enhla nomgwaqo lapha. Ngilibonile eMoyeni, ngabona uMoya kaNkulunkulu phezu kwalo, nalo lisina, lijabula, nokunjalo. Futhi lase liwile. Kade lilele esibhedlela khona maduze nje ngaphandle lapha, lifa, bacabanga. Futhi lathumela kimi ukuba ngilikhulekele.

77 Lona nomkhwenyana walo belinomoya omuhle kabi kumkami, lapho umkami, esengencane, intombazane emahlikihliki, ubuso obungcolile, futhi babemthengela ingubo encane noma ngezinye izikhathi, ukumsiza ukuba aye esikoleni. Akunandaba ukuthi kuncane kanjani, ayikho neyodwa into ongayenzela uNkulunkulu Angayikhumbuli. "Njengoba nikwenzile kwabancinyane balaba abancane baMi, nikwenzile kiMi." Futhi njengesinkwa phezu kwamanzi, siyobuya.

78 Nakho kulele lona wesifazane bandla, omncane, ohlubukile, ekhala, ebambe isandla sami. Futhi u. . . Ngathi, "Awu, dadewethu, ngi—ngizokwenzela umkhuleko."

79 Futhi olele embhedeni oseduze kowakhe kwakungowesifazane elele lapho ephambanise izandla zakhe, engibuka. Nendodana yakhe encane ihlezi eduze kwakhe, ethi ayibe namashumi amabili, ebukeka iyintekenteke yesimodeni.

80 Ngakho, kungesikho ukubukela phansi uma omunye igama lakhe linguRicky, kodwa ngiqonde ukuthi kukhona i . . . awukaze ulizwe igama elinjengalelo ngezinsuku ezedlula. UElvis noRicky, futhi yigama lonyaka nje, niyabo. Uma unomntwana owethiwe kanjalo, kubize ngegama lakho eliphakathi nendawo, kanjalo, noma ukwethe elinye.

81 Kwase kuthi-ke ngenkathi yena ehlezi lapho kanjalo, futhi wabuka ngale, futhi ngaqala ukukhothamisa ikhanda lami, futhi ngambona ebukeka ngempela e . . . Wathi, "Awulinde kancane! Vala lelokhethini!"

82 Ngathi, "Bengizonika kuphela umthandazo inenekazi. A—awusilo yini i—ikholwa na?"

83 Lathi, "Ngizokutshela manje, singamaMethodisti, futhi sifuna uvale lelokhethini!"

"Yebo, mem," futhi ngalivala ikhethini.

84 Niyabo, into efanayo. Into efanayo namhlanje, babandlulule kakhulu! Wazi kanjani ukuthi nhloboni yomfundisi engangiyiyo na? Ngangingakaze ngimbone owesifazane. Kodwa mhlawumbe wayezwile omunye ethi ngangikholelwa ekuphilisweni kwabagulayo, futhi wayefundiswe ukuphikisana nakho. Wayengahlanganise lutho nakho, wageza izandla zakhe kukho. Wayesaba ukuthi kuzokwehlela kuye. Ungakhathazeki, kungeke, kuyafana noPilatu ekugeza ekususa esandleni sakhe.

85 Manje, lokho akusikho ukusho noma yini ngokuyihlazo mayelana nabantu abangamaMethodisti; lowo kwakungowesifazane oyedwa nje, niyabo, kungahle ukuba kwakuyisimo sakhe. Angicabangi ukuthi bonke abantu bamaMethodisti bangabanjalo, ngoba ngike ngakhulekela abaningi babo. Bangibizile ukuba ngibakhulekele, nezibonakaliso nezimangaliso kwenziwe phakathi kwabo. Akusibo neze abantu kulawo mabandla; yinqubo abaphansi kwayo, kwenza lokho-ke. Kodwa wayengomunye walabo abayilolohlobo. Kwakuyini na? Uphoyizeni weso eliluhlaza phaqa, umona ongenwe nguDeveli.

86 Bengingasho okuthize. E—emhlanganweni othize lowo wawulapha edolobheni ngesinye isikhathi, futhi babuza ukuthi babengangibizeli ngani kuwo. Kodwa ngizokwedlula nje lokho ngoba ngisekhaya. Kodwa, futhi nokho, akukhosizathu, ngumona nje, yisivumokholo, ngukukhonza izithixo. Besingathanda kanjani ukubasingatha ngezingalo zethu bonke, kodwa uma ugwenywa . . . UJesu wayefuna ukukwenza. Khumbulani, ngelinye ilanga uyodingeka ukuthi ukukhumbule lokho. Uzodingeka ukuthi ukukhumbule.

87 Nje kungikhumbuza ubufakazi obusanda kwenziwa. Umfundisi, futhi wayesekhesheni ekhuphuka, ngapha eBilidini iHeyburn. Futhi kwakukhona indoda amathathu emi

nalomfundisi e—ekhesheni, futhi a—ayengazi ukuthi lendoda yayingumfundisi, ngicabanga ukuthi ayengazi. Futhi lapho ekhuphuka, onke ama kuflo yesishiyagalombili. Nenye indoda yamqalaza umfundisi, yase ithi, “Uyazi ukuthini? Lokhu nje kusondele kakhulu eZulwini njengoba siyoze singene.”

88 “Awu,” umfundisi wathi, “Ngi—ngicabanga ukuthi uqinisile. Ngi—ngiqagele uqinisile, ngokuba inqobo nje uma sethembele ezimfanelweni zethu lokhu kusondele kangangoba siyoze sibekhona.” Kunjalo. Inqobo nje uma usathembele kulokho okwenzayo, ukhumbula lokho okwenzile. Futhi ngineqiniso ukuthi iningi lethu liyazi ukuthi asenzanga lutho, asifanelwe yilutho. Wathi, “Ngicabanga ukuthi uma sethembele ezimfanelweni zethu, lokhu kufana nokuthi siyoze sifike.” Awu, uma sethemba, lokho kufana nokuthi siyoze sifike.

89 Kodwa, o, ngithanda ukusho okuthize. Uma ngingakhohlwa engangiyikho, bese ngikhumbula lokho Ayikho, uma ngingakhumbula uJesu, uma ngingaMkhumbula esiphambanweni, uma ngingakhumbula Angenzele khona, futhi ngikhumbule ihora ahlanza ngalo izono zami, futhi unginika uMoya oNgcwele ukuba ungihole, khona-ke ngiphakanyiselwe phezu kwezinto zonke ezibamba lomhlaba. Ngiphakanyiselwe phezu kwazo zonke izinto zasemhlabeni, ngangena ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, lapho engingahlanganyela naYe. Lapho eBukhoneni baKhe, ngikhohlwa yilokho engake ngaba yikho, ngikhohlwa yizo zonke izono zami nakho konke, ngoba zisolwandle lokukhohlwa. Ngikhohlwa yikho konke okwami okwedlule, ngikhohlwa yikho konke, futhi ngikhumbule ukuthi Wangenza ngaba ngowaKhe uQobo, ngokufa kwaKhe uQobo. Wathatha indawo yami. Futhi mina engangingenalo ilungelo lokuya-ndawo kuphela esihogweni, Wathatha indawo yami futhi wangiphakamisa esihogweni. Wayela mina lapho. Futhi Wangiphakamisa ngomusa waKhe omningi kakhulu, kuze kube manje singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, futhi sihlala ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sijabula njalo futhi sikhumbula Yena Owasiletha ngokuphepha kuze kube manje. Futhi ngokukholwa okushayisa okomthambo emiphefumulweni yethu, kusicindezela, futhi ngomusa Uyongithatha angiqhubekisele phambili.

90 Futhi ngamehlo okukholwa ngibona umBhalo wakhe ugcwalisekile, “Bonke labo Ayebazi ngaphambili, Ubabizile; bonke Ababizileyo, Ubalungisisile; nabo bonke labo Abalungisisile, Ubakhazimulisile.” Ngakho-ke ngalokhu emcabangweni, ngimi ebandleni labantu, lapho uMoya kaNkulunkulu ukhona, futhi baphakanyiselwa ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Bebheke ihora lapho lesisimo somzimba onyanyekayo wokuphila komuntu esinokushaya kwenhliziyo esazokufa, futhi ezoma ngolunye usuku, lapho uyoguqulwa khona futhi unikwe inhliziyo kaMoya eyoshaya

njalo sonke isikhathi esingenamkhawuko ngaphambili kwalokho, ingasenakugula, ingasenalusizi, ingasenakuguga kumbe noma yini.

91 Khumbulani uJesu. Lapho imbiza ingasenalutho endlini, futhi kungasekho-fulawo, khumbulani uJesu. Lapho udokotela ethi akusekho-shansi, khumbulani uJesu. Lapho uDeveli enilinga; njengoba sicula iculo lethu lokusikhipha, "lapho izilingo zikuzungeza, phefumula leloGama eliNgcwele ngomkhuleko."

92 Ukukhumbula uJesu, nikhumbula ukuthi Uzofika futhi. UJesu ofanayo owasuswayo kithi uzobuya futhi ngokufanayo njengoba siMbonile ehamba eyongena eZulwini. Khumbulani, Uyobuyela labo abangabaKhe uQobo.

93 Asikhuleke, namakhanda ethu ekhotheme. NaloMlayezo owephuke kancane usesenhliziyweni yenu, ningathanda ukuba Anikhumbule manje na? Uma nithanda, phakamisani izandla zenu nje, nento ethize eyisipesheli, "Nkosi, ngikhumbule." Njengoba imbongi yathi, "Ungikhumbule lapho izinyembezi zehlela phansi."

94 Baba wethu oNgcwele kaKhulu, sibujabulele kakhulu kakhulu uBukhona bukaMoya oNgcwele, njengoba Esikhombise iZwi lokuPhila, njengoba sikhumbula umgodi esatakulwa kuwo futhi manje sesikhishiwe kulowomgodi futhi sabunjwa saba ngabantwana bakaNkulunkulu, ngomusa kaJesu Kristu. NgiyaMkhumbula, ngenkathi udokotela engibuka ebusweni wayesethi, "Kusasele nje eminye imizuzu embalwa," Ngikhumbula uJesu. Ngikhumbula uJesu, ngenkathi ngise altare ngikhalela isihawu nomphefumulo wami wawusindwa ufatalele, ngikhumbula umthwalo owasuka kimi. UJesu wasusa umthwalo wami osindayo. Ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, ngihlezi ebhentshini, ngibuka phansi ngesipopolo sombhobho wesibhamu, ukuba ngidubule inkololo, noSathane cishe ukuthi wacabanga, "Leli yithuba lami manje." Futhi ngenkathi isibhamu siqhuma, nombhobho nomphini nokunyakaza kwesibhamu kwaya macala onke, nomlilo wabhunqa macala onke kimi, futhi ngazama ukusukuma ngezinyawo zami, negazi litshaza, ngiyakhumbula kwakunguJesu. Ngenkathi udokotela, ngenkathi ebuka futhi akangabona kulimala okwenzekile, wathi, "Into kuphela engiyaziyo, ukuthi iNkosi kusho ukuthi ibihlezi lapho, nayo, ivikela inceku yaYo, ibizosakazeka ibe yizicucu ngokuqhuma okunje." O Nkulunkulu, sizikhumbula kanjani lezozinto!

95 Siza eMthonjeni ogcwaliswe ngeGazi, elidonswe emthanjeni kaEmanuweli. Sibusise, Nkosi, kanyekanye kulobu ubusuku. Uyayazi i—impokophelo nesisusa emva kwayo yonke inhliziyo ephakamise isandla. Uyasazi isifiso nesidingo. Futhi njengenceku yaKho, Nkosi, ngi-ngiza nabo, na—naphezulu

ngaphandle kwaleliTabernakele manje (ngokukholwa) siyahamba, ngaleya kwamafu nenyanga, nezinkanyezi nom—mthala omhlophe, futhi manje sifika eBukhoneni bukaNkulunkulu. Futhi okwendlaleke phambi kwami yialtare legolide, phezu kwalapho kulele uMhlatshelo esiwukhumbulayo, uJesu, owathi, "Nje celani kuBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyo—Ngiyokwenza." Ukukholwa kwethu makungehluleki, Nkosi, kodwa masikhumbule ukuthi siyakwemukela lokho esikucelayo, uma sikukholwa, njengoba sikhumbula ukuthi uJesu wafa ukuba asilondele khona nokukewenza kube yisiqiniseko.

96 Nkosi, siyabona ukuthi Uyasandisa isakhiwo sethu. KwakunguWe owasenzela lokhu, osipha lokhu ukunwetshwa kwalendlu yokukhonzela. Futhi siyazi ukuthi kwakunguWe, Nkosi, Owasipha lendlu yokukhonzela ekuqaleni. Siyakhuleka ukuthi Uzoyibusisa lemizamo.

97 Nkosi, sikhulekela umfundisi wethu, uMfowethu Neville, inceku yaKho ethembekileyo, ezithobile nenomusa. Iyavuma ukukhonza noma kusiphi isikhundla, akunandaba uma kusesihlalweni esingemuva noma uma kungukuhlanza indlu yokukhonzela. Noma yikuphi lapho OMdinga khona, lapho ufuna ukuba yithuluzi, ukukhonza Wena noma ngabe Ubiza kuphi. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuba-ukuba Umbusise.

98 Nkulunkulu, lokhu ukuvivinywa okukhulu engisanda kuphuma kukho, nalababaphatheli abame nami, nalelibandla e—elingikhulekele, futhi ekugcineni ukunqoba kwafika. O Nkulunkulu, ngiyabakhulekela. Ngiyabakhumbula, nabo, Nkosi, futhi ngineqiniso ukuthi naWe uyabakhumbula.

99 Sikhumbula izibusiso Obeyizona kithi. Futhi siyalikhumbula iZwi laKho, ukuthi Awusoze wasishiya awusoze wasiyeka. Ukuguga akuyikwenza lutho kukho, Usayolokhu usikhumbula, lapho izwe lingeke lisabakhona nesikhathi siyoshabalalela ePhakadeni. Kulotshwe into enjengalena, "Umama angayikhohlwa ingane yakhe esancelayo na? Ngingeke neze nganikhohlwa. Niqoshwe ezintendeni zezandla zaMi," izipikili ezaqopha igama lethu. Siyazi ukuthi Uyasikhumbula, Nkosi.

100 Futhi kwangathi Ungaba sezinkumbulweni zethu ezithandekayo kakhulu njalo, njengoMsindisi wethu, uMphilisi wethu, iNkosi yethu, isiThandwa sethu, ukuPhila kwethu, ukukhanya kweLanga kwethu, uKonke kukho-Konke kwethu, lowomthombo ongenakuqedwa womusa kaNkulunkulu nothando kithina zidalwa ezingabantu eziwile zomndeni ka-Adamu. Siphe khona, Nkosi, njengoba sizinikela kuWe manje, sisuka eTabernakele kulobubusuku, sikhumbula uJesu. Amen.

101 NiyaMkhumbula na? NiyaMthanda na? Manje ngicabanga ukuthi, eMlayezweni wethu omncane owephukile, singasho

lokhu. UPawulu wathi, “Noma yini esiyenzayo, sikwenza eMoyeni.” Ezintweni zonke sifanele siMkhumbule. Asingenzi isinqumo size siMkhumbule; asingenzi lutho, ngoba kuyoba ngokwengqondo. Uma isitha sishaya ngasesihlathini esisodwa, asikhumbule ukuthi Wenzani ngaphambi kokuba siphindisele. Asikhumbule ukwenza kwaKhe. Uma kukhona isinqumo esizokwenziwa, asilinde, sikhumbule ukuthi hlobo luni lwesinqumo esicabanga ukuthi Wayezosenza, bese kuthi-ke leso kube yisinqumo sethu. Uma sijaha, asikhumbule ukuthi Wayengajahi neze. Niyabo? Uma sishabasheka ngokweqile, khumbulani Uhlala ePhakadeni, isikhathi asisho lutho kuYena. Yisisusa nempokophelo yenhliziyo yethu. AsiMkhumbule.

102 Futhi asiMkhumbule manje njengoba sicula leliculo eMoyeni woBukhona baKhe, “NgiyaMthanda.” Uma nihlala othandweni, nihlala kuNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu uluthando. Labo abahlala kuNkulunkulu bahlala othandweni. Niyabo? Nothando alunanzondo. Uthando aluna-mona. Uthando aluzikhukhumezi. Uthando aluziphathi ngokungafanele. Uthando luhlala njalo lumnene, lumnandi, luthethelela, lunobubele. Akunandaba ukuthi abanye bamuncu kanjani, uthando luhlala luwuthando. Uthando luyisigcino somusa. Uthando lungamagcina kaNkulunkulu ngathi. Emva kokuba zonke ezinye iziphiwo nezinto sekushabalele, isiprofetho sethu, izilimi zethu, ukuhumusha kwethu, konke lokho ebesilokhu sikwenza, noma yini enye, uma kungena uthando, yisigcino. Luphezu kwakho konke, ngoba konke okunye kuyehluleka. Luyi—yisinqumo seNkantolo eNkulu. LuyiNsika yokubophela. LuyiNkanyezi yaseNyakatho egcina ileveli yamatilosi. LuyiNkombandlela esiqondisayo. Uthando luyisigcino. Asilukhumbule sisacula, “NgiyaMthanda.”

> Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang’thengel’insindiso
> Emthini waseKalvari.
>
> Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
> Ngoba Wa. . .kuqala (Manje khumbulani, Wangithanda futhi wanikela ngeNdodana Yakhe)
>
> Wang’thengel’insindiso
> Emthini waseKalvari.

103 Manje udadewethu esasishayela leliculo ngizinsimbi, [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha u “Ng’yaMthanda”—Umhl.] asithi nje ngobumnandi benhlanganyelo, sisahlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu, manje thathani konke, yonke into iphume enhliziyweni yenu. Futhi khumbulani, iZwi likaNkulunkulu lisho njalo. Ngiyinceku yaKhe. Ulapha. Manjena-ke asixhawulane nomunye, futhi sithi, “UNkulunkulu

akubusise, mfowethu." Uma unesitha, sukuma uye kuso, niyabo, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu," njengoba sicula ikhorasi futhi bese sixhawulana nomunye. Ningekwenze manje, kamnandi impela eMoyeni.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> [UMfowethu Branham uyaxhawula—Umhl.]

Izandla zethu ziphakeme manje.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba . . . (Khumbulani uJesu!)
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

104 Manje asikhothamise amakhanda ethu futhi silihamishe. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha u "Ng'yaMthanda"—Umhl.] Khumbulani uJesu! [UMfowethu Branham uyaqhubeka ehamisha] "Wangithanda kuqala." [UMfowethu Branham uyaqhubeka ehamisha] "Emthini waseKalvari."

105 Manje njengoba udadewethu elishaya ngezinsimbi, kamnandi futhi kancane, ngizocela umfowethu olungileyo . . . Mfowethu Neville, unalo izwi ofuna ukulisho? Ngizocela uMfowethu Collins emuva laphaya, umfowethu othembekileyo, omncane lapha, omunye walabo esihambisana nabo, uma engasikhipha ngomkhuleko. Sisakhothamisa amakhanda ethu, Mfowethu Collins. [UMfowethu Collins uyakhuleka—Umhl.]

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org